INkampani Yezobuciko Bokunandisa yaKwaZulu-Natali
eyaMenyezelwa ngokwesigaba 3(1) soMthetho Wezikhungo Zezamasiko, we-1998 (uMthetho No. 119 we-1998 mhla lulu-01 kuMbasa wezi- 2003
PO Box 5353, DURBAN, 4000, 29 Acutt Street, DURBAN, 4001, KwaZulu-Natal, South Africa
Ucingo: (031) 3699555, iFeksi: (031) 306 2166, Production Services Mayville, Ucingo: (031) 208 4171; iFeksi: (031) 208 4162
i-imeyili: info@playhousecompany.com; http://www.playhousecompany.com

I-THE PLAYHOUSE COMPANY
ISIMEMO SEZICELO ZOKUSEBENZISANA: UKULAWULWA KWEZAKHIWO– INOMBOLO EYINKOMBA: PHC 59/2019

UKUQASHWA KOMHLINZEKIMSEBENZI OYINGCWEPHESHI EZOLAWULA IZAKHIWO ZE- PLAYHOUSE COMPANY ISIKHATHI ESIYIMINYAKA EMITHATHU

I-The Playhouse Company yiNkampani Yezobuciko erejistwe ngokweSigaba 3(1) soMthetho Wezikhungo Zezamasiko, we-1998, ukugqugquzela ezobuCiko Namasiko KwaZulu- Natali.

Umsebenzi ozokwenziwa ubandakanya okunye kwalokhu okulandelayo*:*

- Ukuhlola yonke ingqalasizinda yezakhiwo ze-Playhouse Company ngenhloso yokuhlonza isimo sayo bese kuhlolwa nezidingo zokunakekelwa ngokupheleleyo kwazo;
- Ukwakha izinhlelo zokunakekela isakhiwo ngasinye, kubandakanya ukunakekelwa okuhleliwe nokungahleliwe kwesakhiwo ngasinye se-Playhouse. Izinhlelo zokunakekelwa kwazo kumele zithathiselwe emiphumeleni yokuhlolwa kwesimo sazo;
- Ukwakha izinhlelo zokubhekelela umjikelezo wesikhathi sonke sokuba sesimweni esifanele kwesakhiwo ngasinye se-Playhouse;
- Ukwakha uhlelo lokusebenza oluphelele lokuLawulwa Kwezakhiwo kanjalo nokusebenza kwalo ngesikhathi kusasebenza le nkontileka; kanye
- Nokubika zinyanga zonke maqondana nemisebenzi emaqondana nokuLawulwa Kwezakhiwo ngokokusebenza nangokwezezimali ngokuqhathanisa nezinhlelo ezakhiwe.

Ukuze ufaneleke kudingeka ukuba uqale ube nalokhu okulandelayo:
• Ube ngorejiste ohlwini lwabahlinzekimsebenzi oluyisizinda jikelele lukaMgcinimafa kaZwelonke (i-C.S.D);
• Kuphoqelekile ukuthi ube nesitifiketi esisemthethweni esiqinisekisa ukuthi uyayikhokha intela noma inombolo eyimfihlo (pin) ekhishwa ngabakwa-SARS;
• Izitatimende zezimali ezisanda kucwaningwa zeminyaka emithathu (3) edlule
• Ukugcwalisa nokusayina amaphepha amathenda.

Izicelo zethenda yokusebenzisana ziyohlolwa ngokwenqubo elandelwayo kanye nohlelo lwamaphuzu angama-80/20 okuba semathubeni ngokuhambisana noMthetho Wenqubomgomo Esaluhlaka, wezi-2000 (uMthetho uNo. 5 wezi-2000).

Amaphepha amathenda azotholakala enhlokohhovisi ye-The Playhouse Company, ku-29 Acutt Street ngehora le-10h00 mhla zingama- **24 kuNhlaba wezi-2019** ngemali engama-R350 engeke umniniyo ayibuyiselwa, okumele ikhokhwe ku: Mnu. Sudesh Harilal (inombolo eqonda kuye ngqo: u-9443).

Kuzoba nomhlangano ophoqelekile wokwaziswa ngemininingwane yethenda mhla zingama- **31 kuNhlaba wezi-2019** ngehora le-10h00 ekuseni khona e-The Playhouse Company, ku- 231 Anton Lembede Street, eThekwini, egunjini i-Alhambra.

Usuku lokuvala ukwamukelwa kwezicelo zokuhlinzeka ngale thenda umhla **zingama- 24 kuNhlangulana wezi-2019 ngehora le-11h00 ekuseni**. Angeke zemukelwa izicelo eziyofika sekwedlule usuku nesikhathi sokuvala. Izicelo kumele zibhalwe ngokucacile zifakwe emvilophini evalwe ngci bese seyiqondiswa koyiSikhulu Esiphezulu sase-The Playhouse Company, ku-29 Acutt Street, Durban 4001.

Uma unemibuzo maqondana nalesi sikhangiso, uyacelwa uthinte uMnu. Siya Manqele kule nombolo ethi: 031- 369 9507 noma kule imeyili: accountingassistant@playhousecompany.com